**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UBHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULWA KOMGWAQO U-D1133 EMAFAKATHINI MHLAKA 19 OCTOBER 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal utshale izigidi zamarandi kulesiFunda saseMgungundlovu ekulethweni kwengqalasizinda ezothuthukisa ezomnotho, ixhumanise umphakathi nezikhungo zosizo, iqinisekise nokuthi impilo yemiphakathi yasemakhaya iba ngengcono.

- Sifake imali emisebenzini yokugcina imigwaqo isesimweni, ekwakhiweni kwengqalasizinda yomgwaqo, ezinhlelweni zokulwa nobubha nasekufukuleni imiphakathi jikelele.

- Kodwa engithanda ukukugcizelela ngukuthi uma siletha le misebenzi sisuke silethela abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lezepolitiki. Siyajabula ngoba abantu bakithi akade bayilinda impilo engcono sebeqala ukuphumela obala basho ukuthi ngempela siyazigcina izithembiso zethu.

- Ingqalasizinda yokuthutha endaweni yakwaVulindlela yenganyelwe ngaphansi koMnyango wezokuThutha ngokwakha nokuyigcina isesimweni. Endaweni yaKwaVulindlela, kunamawadi angu-9 kaMasipala uMsunduzi. Amkhansela ala mawadi abelokhu ecela uMasipala ukuba wenze eminye imigwaqo ukwengeza kuleyo eyenziwa uMnyango wezokuThutha.

- Ngakho-ke uMasipala woMsunduzi ube usunquma ukuhlonza umgwaqo ozokuba ngomkhulu kula mawadi kwase kucelwa imali esikwameni esibhekele ingqalasizinda yomasipala. U-D1133 waqokwa kanjalo ku-Ward 9. Umsebenzi wonke ube sewenziwa ngokwemigomo yoMnyango yokwakhiwa kwemigwaqo yeziFunda.

- UMnyango wami uzimisele ngokulekelela omasipala ngakwezobunjiniyela uma behlela ingqalasizinda yomgwaqo. Kukhona omasipala asebeke basinxusa ukuthi sibagcinele imigwaqo yabo isesimweni, kodwa sathola ukuthi leyo migwaqo ayakhekile kahle okusho ukuthi ukuyigcina isesimweni kuzofana nokuyiqala phansi.

- Manje sesithe ngeke sithathe imigwaqo siyigcine isesimweni uma ingahlelwanga ngokubambisana nathi njengoMnyango wezokuThutha.

- Ukwakhiwa kwalo mgwaqo ongu-3,6km kuqale ngoJanuary 2008 kwaphothulwa ngoSeptember 2008. Zibe ngu-R 8 441 438.88 izindleko zalo msebenzi kanti u-R450 000 ukhishwe uMasipala woMsunduzi ukuhlangabezana noMnyango.

- Lo mgwaqo u-D 1133 usetshenziswa ngabantu abaningi asebezokwazi ukufinyelela kalula ezindaweni njengezikole nomtholampilo oseduze, kanti usuzoheha nabemboni yezithuthi zomphakathi. Ngokulungisa lo mgwaqo, izimpilo zomphakathi sezibe ngcono njengoba lungasekho uthuli futhi sebezokwazi ukuhamba ngezikhathi zonke zonyaka.

- Ngaphandle kokulungiswa kwalo mgwaqo, kukhona eminye imigwaqo elungiswayo kule ndawo yaKwaVulindlela kuMasipala woMsunduzi – uD 1123, D 1125, D 1127, D 1131, D 1132, D 1137 no-D 2151. Ukulungiswa kwale migwaqo kuzokwenza lula nokuyigcina isesimweni.

- Kuyintokozo ukusho ukuthi kulesiFunda sinemigwaqo eminingi egcinwa isesimweni ngohlelo lwethu lokulwa nobubha uZibambele. Lolu hlelo seluqashe osonkontileka abangaphezulu kuka-3 200 esiFundeni saseMgungundlovu. Kulo nyaka wezimali sifake imali engu-R18 million kulolu hlelo. Labo mama sebesungule amaqembu okonga esithi, ama-savings clubs, angu-23 kanti sebekwaze ukonga u-R1,2 million kuze kube manje.

- Ngempela abantu bakithi sebeqalile manje ukubona uguquko ezimpilweni zabo olulethwa yizinhlelo zikahulumeni wethu wentando yeningi.

- Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sinesibopho ngokomthethosisekelo sokuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni. Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi.

- Ukufa noma ukulimala komuntu oyedwa nje emgwaqeni kusuke kuyinhlekelele emndenini, emphakathini nasesizweni sonkana. Ngakho-ke kumele siqinise imikhankaso yokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona, sicacise ukuthi sakha imigwaqo yokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.

**Ngiyabonga**